**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lokuqala)**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005**
**OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, C.
- Phendula yonke imibuzo ngesiZulu
- Ohlolwayo kumele abhale ngobunono.

ISIGABA A

**UMBUZO 1**

1.1 **Funda le ndaba bese uphendula yonke imibuzo**.

KwakungoLwesihlanu oluhle ekuseni. Ilanga laliphume lithe kla. Lapha kwaMthimkulu kwakungubutatata. Bonke abantu babelungiselela izindlela zabo. Kwezwakala umama uMaNcwane esethi, "Sondelani etafuleni, isidlo sasekuseni sesilungile." Nangempela kwabe sekusondela wonke umuntu.

Ubaba uMthimkhulu wayeshaye isudu kanokusho emnyama. Wathi engakadli wakhumbula ukuthi akayibhekanga idayari yakhe. Wayikhipha-ke wayifunda. Wathi esuka nje wayethi, "We madoda! Akumsebenzi! Nginomhlangano ngo-9, nginomhlangano nomunye wabathengi ngo-10, ngiyokudla ilantshi nabacwaningi-mabhuku ngo-12 bese ngiba nomunye umhlangano ngo-2. Ngaze ngaxakeka namhlanje. Kuzofanele ngisheshe ngihambe".

UMaNcwane wabe esebuza ngokumangala, "Kanti ngoba umhlangano uzoqala ngo-9 ujaheni pho?" Wabe esephendula uMthimkhulu ethi, "Hhayi mkami, kukhona okunye engingakubalanga. Kufanele ngedlule enkampanini yokunikela ngegazi. Uma ngehlulekile namhlanje ngizolahlekelwa umshwalensi wami osemqoka kabi. Hheyi akulula kodwa ukuqala ekliniki." Wathi angezwa igama lekliniki uThule oneminyaka engu-5 waphendula, "Baba, yini kwangathi uyesaba nje ukuya ekliniki? Ngabe usaba umjovo? Ungesabi udokotela walapho unenhliziyo enhle kabi. Uzokupha namaswidi." Afe ukuhleka uThabane athi esuka ebe ethi, "We lele, ucabanga ukuthi ubaba ungunodoli njengawe yini? Ubaba uzoya kudokotela wabantu abadala, hayi owonodoli."

Athathe uMaNcwane athi, "Esikhundleni sokuqalana nodadewenu ngabe uqeda ukudla lokho ubeke izitsha kusinki bese ulungela ukuya esitobhini sebhasi. Uma like lakushiya nje uzoba senkingeni enkulu. Uyakhumbula ukuthi isekela likathishanhloko selikukhuze kangaki ngokungafiki ngesikhathi? Kulapho nami ngingeke ngikusize ngalutho ngoba ngisaphuthumisa uThule ekhileshi."

UMaNcwane wabe esephendukela kuMthimkhulu wathi, "Mina-ke ngizokwamukela izimpahla esitolo kusukela ngo-8 kuya ku-9. Kumele ngisayine ama-*invoice*. Emva kwalokho kufanele ngifakele amanani ezimpahleni. Hu! Ngiyolala ngiyingcuba! Awu, ungakhohlwa phela baba ukuthi kunomhlangano esontweni kusihlwa nje. Phela nguwena ogcina amabhuku. Kanti-ke futhi kufanele sidlule sishiye uThabane ekilabhini yakhe yebhola ngaphambi komhlangano."

**Pheqa ikhasi**

> Akabange esachitha sikhathi umnumzane wavele wasukuma wabe esethi, "Sekufanele ngihambe. Ngizosheshe ngibuye bese ngenza konke okunye. Nihambe kahle siyobonana ntambama.'
>
> **Amagagasi**

1.1.1 Yimuphi umusho lapha endabeni obonisa ukuthi wonke umuntu wayejahile la kwaMthimkhulu? (2)

1.1.2 Inkosikazi kaMthimkhulu yayizalwa kwabani? (1)

1.1.3 Ake udwebe idayari kababa uMthimkhulu ukhombise ukuthi uzobe enzani ngosuku lonke lwangoLwesihlanu? (4)

1.1.4 Nikeza okukodwa uMthimkhulu abesekukhohliwe ohlwini lwezinto ayozenza ngoLwesihlanu. (1)

1.1.5 UMaNcwane yena uzokwenzani emsebenzini wakhe? shono kube kuthathu. (3)

1.1.6 Yimuphi umusho obonisa ukuthi uMaNcwane uyolala ekhathele? (2)

1.1.7 Bhala umusho obonisa ukuthi uThabane wayehluleka ukugcina isikhathi. (2)

1.1.8 UMthimkhulu wayebambe siphi isikhundla esontweni? (1)

1.1.9 Khetha impendulo efanele kwezintathu ezinikeziwe.

(a) UThule waye- …

A. sebangeni lokuqala.
B. sekhileshi.
C. sebangeni lesithupha. (1)

(b) UThabani wayesekilabhini...

A. yomdanso.
B. yabasubathi.
C. yebhola. (1)

(c) UMaNcwane wayesebenza...

A. Esitolo.
B. Enkampanini yabakhiqizi.
C. Esikoleni. (1)


1.1.10 Nikeza elinye igama elisendabeni elisho lokhu:

(a) Unompopi. (2)
(b) Imbizo. (2)
(c) Umphathisikolo. (2)

**[25]**

1.2 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Inkulumo-mpendulwano phakathi komdobi nomfana.**



1.2.1 Uzokwenzani umdobi kule ndawo? (1)

1.2.2 Umamathekiswa yini umdobi? (2)

1.2.3 Khetha impendulo eyiyona kulezi ezikubakaki:

(a) Umdobi usebenzisa (indophi, udobo, induku) emsebenzini wakhe. (1)

(b) Indoda ifake izicathulo (zamakhaza, zamanzi, zodaka) (1)

(c) Umfana ufuna (ukuthatha, ukuthenga, ukuthola) inhlanzi yendoda. (1)

1.2.4 Ngabe isiphi isikhathi sonyaka? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.5 Hlobo luni lwesithuthi olukulesi sithombe? Sisetshenziselwani lesi sithuthi? (2)

**[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

ISIGABA B

**UMBUZO 2**
**UKUFINGQA**

Funda indaba elandelayo bese uyifingqa ngamaphuzu amahlanu ingalahli umongo wayo.

> Ibhanoyi nebhanoyi linomqhubi walo obizwa ngokuthi iPhayilothi IPhayilothi le iyo ebhekana nezinxakanxaka zemishini eqondene nokuhamba kwebhanoyi. Ngaphambi kokuba ilisuse ibhanoyi iyazisho ukuthi ingubani futhi ichaze ukuthi ibhanoyi layo lisukaphi liyaphi. Iba isisho ukuthi yona isizana nobani kuleli bhanoyi. Emva kokukhuluma ibe isinikeza umsizi wayo okuthiwa ihostesi ukuba asho okuthile.
>
> Ihostesi-ke yona imukela abantu ebhanoyini bese ibakhombisa izintuba zokuphuma uma kungase kwenzeke ingozi. Ichaza nokuthi izindlu ezincane zitholakalaphi. Itshela abantu ngezindlela zokuphepha njengokuthi nje abantu ababophe amabhande. Iyachaza futhi ukuthi aboshwa kanjani futhi aqaqwa kanjani amabhande lawo.
>
> Iye ikhombise abagibeli lapho kukhanyiswa khona nalapho kucishwa khona amalambu uma umgibeli ngamunye edinga ukukhanya. Okunye futhi iye ikhombise abagibeli ukuthi imisakazo ivulwa kanjani. Kwezokuphepha, ihostesi iye ichaze ukuthi abagibeli kufanele bavulephi uma bedinga izinto zokuphefumula noma amaphinifana angafakwa uma ibhanoyi liwela emanzini. Ichaza njalo indiza ayimile.
>
> **Amagagasi**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

ISIGABA C

**UMBUZO 3**
**UHLELO NOLIMI**

3.1 Gcwalisa izikhala ezishiyiwe ngokufaka izakhi ezifanele ukuze le ndatshana ibe nomqondo ophelele. Bhala inombolo negama kuphela.

Abazali bakaDali 3.1.1 ______ baleka eNingizimu Afrika ngesikhathi sobandlululo babe sebethole amahemuhemu okuthi 3.1.2 ba ______ bulawa base beqa, phela uDali 3.1.3 ______ thola ithuba lokufunda phesheya . Wathola 3.1.4 _______ thuba lokufunda 3.1.5 _______ belungu. Noma kwakubuhlungu 3.1.6 _______ khulu emndenini wakubo kaDali 3.1.7 ______ kuhamba kwakhe kodwa kwaba kuhle 3.1.8 _______ Dali. (8)

3.2 Lungisa amagama akubakaki ukuze lesi siqeshana sifundeke:
Kuthe ukuba aqede (uku + ethula) (in + khulumo) yakhe usekela Mongameli zatheleka izingane (za + isikole) ukuzokwethamela le nkulumo. Phela (kwaku-gubh + wa) umkhosi (wa + inkululeko) yeminyaka elishumi. 1x5=(5)

3.3 Kulowo nalowo musho olandelayo guqula isenzo esidwetshelwe sibesempambosini ebhalwe kubakaki.

3.3.1 Ungabohamba <u>uthenga</u> wonke umuntu ukudla (yokwenzela).

3.3.2 Izandla ziya<u>geza</u> ukupha umuntu ukuzibekela (yokwenzana).

3.3.3 Ukudla ku<u>thenga</u> ngenani eliphezulu (yokwenziwa)

3.3.4 UDudu <u>uhamba</u> imali kagogo (yokwenzisa). 1x4=(4)

3.4 Faka izingcezu zenkulumo ezifanele emagameni akubakaki ukuze lesi siqeshana sifundeke.

Abomndeni (ongumnini) bathi batshelwa (isihlanganiso) ngesikhathi ehlaselwa yizinja wabe esebenza engadini. (ibizo) zidedelwe ngoba zasezimejwayele. Indodakazi yakhe (isiphawulo) ithi nguye lo mlungu obulalise uyise ngezinja. 1x4=(4)

3.5 Kulowo nalowo musho olandelayo nciphisa amabizo adwetshelwe. Bhala inombolo nempendulo kuphela.

3.5.1 Kufanele siyonge <u>imali</u> yethu.

3.5.2 Ngithenge <u>ingubo</u> ngemali ebenginayo.

3.5.3 Kazi <u>upondo</u> owodwa ungathengani.

3.5.4 Bathe kungcono ukonga imali <u>isikhathi</u> eside. 1x4=(4)

3.6 Qondanisa igama nomusho ofanele omaqondana nalo. Bhala inombolo nesimboli kuphela.

| | | | |
| --- | --- | --- | --- |
| 3.6.1 | Unolaka | A. | Angifuni ukukhuluma naleyo nyoka. |
| 3.6.2 | Unzima | B. | uSihle yingelosi. |
| 3.6.3 | Uhlakaniphile | C. | Lithe lingangena ibhubesi elingu Sibeko kwathula wonke umuntu. |
| 3.6.4 | Ixoki | D. | Lo mthwalo yitshe. |
| 3.6.5 | Ulungile | E. | uThoko ikhompyutha ehambayo. |

**[5]**

3.7 Bhala amagama alandelayo ngesiZulu esihle.

3.7.1 ikliniki
3.7.2 ilantshi
3.7.3 ikhileshi
3.7.4 amabhuku
3.7.5 ifekthri **[5]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**